

HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKAMEYI/JUNI 2018

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA

IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE ( GRADE 9)

IPHEPHA LOKUQALA ( PAPER 1) MOTHER TONGUE SPEAKERS

ISIKHATHI : 2 AMAHORA

AMAMAKI: 80

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala isiqephu esisha ekhasini Elisha.
- Phendula ngesiZulu esihle nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

1. Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho ephelile.

**Ubuphofu bandulela ingcebo**


Umuntu akazikhetheli ukuba abempofu kodwa uphoqwa yizimo ezahlukene. Omunye nje uthi ezalwa azalelwe emzini ohlala ngendlela ebangelana amahloni. Akhule engakudli afisa ukukudla; angagqoki lokho afisa ukukugqoka nalokho okugqokwa ngontanga; angakwazi ukuya lapho ethanda ukuya khona. Abanye abantu banenhlanhla ngoba bathi bezalwa bazalelwe emafutheni. Labo bantwana abazalwa nesipuni segolide emilonyeni yabo, badla abakuthandayo, bagqoke abakuthandayo baye lapho befisa ukuya khona ngoba banemali, nabazali babo bakhomba ngophakathi. Kodwa labo bantwana abenzelwa konke, abanakho konke, bavama ukuba yizehluleki empilweni uma sebebhekene nezinselelo zomhlaba.

Iningi labantu ligcina selizigaxe ezenzweni nasemikhubeni emibi ebulala ikusasa labo. Ngenxa yokuswela nobuphofu abanye bagcina sebecwila eziphuzweni ezidakisayo, bethi baqeda izinsizi kanti bayazingcwaba. Abanye njalo baze badayise ngemizimba yabo, badayise ngabantwana babo, abanye baze baqome ukuzibulala ukuze bagudiuze umthwalo wobuphofu osemahlombe. Konke lokhu akusilona ikhambi lokuzitakula ebubheni. Ukhiye kimina owokuba umuntu anamathele esiqubulweni samaNtaliyane athi: "ora et labora" – "khuleka usebenze."

Cishe bonke abantu asebequbukile baba yizinjinga, isiqalo sabo sisebuphofini. Baqala impilo inzima, behlupheka, bempofu kodwa bakhuleka base bezikhandla ngomsebenzi. Iningi labaholi abagqamile nosomabhizinisi abaphambili, baqala ezeni lobuphofu. Singalisho ligcwale elokuthi ubuphofu buyisitebhisi sokuqala esiholela empumelelweni. Impumelelo izuzwa ngabanethemba, bebekezela futhi bezinikela emsebenzini bese bezithiba ezintweni ezingayisani ndawo. Izinto ezithokozisa inyama ngokwemizuzwana kaziyisani phambili empumelelweni.

- 1.1. I gama elithi 'ubuphofu' lichazani ? (2)
- 1.2. Yiziphi izinto **ezimbili** umuntu ozalwe ekhaya elimpofu angabi nazo? (2)
- 1.3. Chaza lezi zimo zokukhuluma
- 1.3.1. Ukuzalelwa emafutheni. (2)
- 1.3.2. Ukucwila eziphuzweni ezidakisayo. (2)
- 1.4. Bhala izinto **ezintathu** abantu abampofu abazama ukubalekela ubuhlungu bokuphofu. (3)
- 1.5. Umbhali wale siqephu unayiphi inkolelo mayelana nabantwana abanzelwa konke ngabazali. Chaza ngephuzu elilodwa. (2)
- 1.6. Uma wena wawuzalelwe emzini ompofu yisiphi isisombululo owawungazikhipha ngaso kubo ngaphandle kwalezi ezilimaza impilo yakho. (2)
- 1.7. Bheka igama endabeni elisho umuntu onemali/ocebile endabeni ulibhale phansi. (2)
- 1.8. Ake ubhale phansi igama lomuntu oyedwa omaziyo odume ngokuceba Kodwa owaqala ngokuhlupheka. (2)
- 1.9. Bhala izimpawu **ezintathu** ezisendabeni ezizuzisa impumelelo. (3)
- 1.10. Sithini isiqubulo samaNtaliyane esicashunwe endabeni. (1)

1.2. Buka lezi zithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.



1.2.1. Yiziphi izinhlobo ezimbili ezivela kulezi zithombe? (2)

1.2.2. Bhala amagama abantu ababili obaziyo eNingizimu Afrika abenza umsebenzi ofanayo nomuntu osesithombeni A. (2)

1.2.3. Le misebenzi eveziwe ezithombeni yenzeka endaweni yasemakhaya noma edolobheni? Sekela impendulo yakho.

1.2.4. Wena ungakhetha ukwenza muphi umsebenzi kule emibili. nika isizathu sokukhetha kwakho. (2)

[29]

2. Funda uphinde ubuke lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho ephelele.



- 2.1. Benzani laba abakulesi sithombe? (1)
- 2.2. Ucabanga lezi zikhalo ziqondiswe kubani? (1)
- 2.3. Bangaki abantu abakulesi sithombe? Bhala inani ngesiZulu. (2)
- 2.4. Kunamphumela muni omubi ukuba nomoya ongcobile kubantu nezilwane eziseduze nemayini. (2)
- 2.5. Lo mbhikisho wenzeka endabeni emakhaya noma edolobheni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.6. Lezi zingqwembe zibhalwe ukuthi "Phansi.....Lo phansi Usho ukuthi'
- A. Kuhleli phansi
- B. Kulele phansi
- C. Asihambisani nakho. (2)

[10]

3.



- 3.1. Yini igama lomkhiqizo okhangiswa la? (1)
- 3.2. Wenza msebenzi muni lo mkhiqizo kowusebenzisayo? (2)
- 3.3. Kusho ukuthini lokhu njengoba kuvela esikhangisweni:
- 3.3.1. isikhumba esimaholoholo. (2)
- 3.3.2. isimonyo (2)
- 3.3.3. ukuba nogazi (2)
- 3.4. Siquketheni lesi simonyo le ethambisa isikhumba? (1)

[10]

4. Kule misho elandelayo gwalisa imisho ngohlobo

Iwebizo olunikiwe kobakaki. Umusho wakho kumele ube nomqondo. isibonelo: Thatha ( ibizomfakela) udle ngaso.

Thatha isipuni udle ngaso

- 4.1. ( ibizoqho) yintaba enkulu kunazo zonke kwaZulu Natali. (2)
- 4.2. Ungowakwabani (ibizonto) sakho? (2)
- 4.3. Umama uthenga ( ibizongxube/ ibizombaxa) njalo ekuseni. (2)
- 4.4. Bekufike wonke (ibizoqoqa) ngesikhathi kushada udadewethu. (2)

[8]

5. Guqula igama elikobakaki libe yisabizwana osinikiwe ekupheleni kodwa.

isibonelo: Abantwana besikole bagqoka umfaniswano. (isabizwana soqobo

Bona besikole bagqoka umfaniswano.

5.1. Letha ibhakede ukuze ngithele amanzi. (isabizwana sokukhomba Eduze.

5.2. Abafana bathanda ukudlala ibhola. (isabizwana sokubala –nke).

5.3. Bekugcwele izingane zesikole namuhla esitimeleni. (isabizwana Soqobo)

5.4. Izinkomo eziklabe edlelweni ezakwaMbonambi. (isabizwana sokukhomba kude)

[4]

6. Qedela le misho ngesivumelwano senhloko esifanele.

isibonelo: Izinkukhu ...dle konke ukudla .

Izinkukhu zidle konke ukudla.

6.1. Uzodwa ... uthanda ukudla amaqanda. (1)

6.2. Amantombazane ...adlala ibhola lomnqakiswa. (1)


6.3. Ikhékhe likashokoleli ...mnandi. (1)

6.4. Uphaphe ...pheshulwe umoya. (1)

6.5. Ukudla ...kumnandi uma kuphekwe emlilweni. (1)

[5]

7. Buka isithombe esingezansi bese ugqwalisa imisho engezansi ngesichasiso esifanele. Khetha kulezi ziqu: (-hle, -bili, -khe, -ningi, -fushane, de)



- 7.1. Umfana umi phansi kwesihlahla ..... (1)  
 7.2. Abantwana .....<sup>bili</sup> badlala ibhola. (1)  
 7.3. Kukhona ukudla.....<sup>ningi</sup> phezu kwetafula. (1)  
 7.4. Inja.....<sup>fushane</sup> ihalela ukudla. (1)  
 [4]

8. Sebenzisa lawa magama alandelayo emishweni emibili lilinye ukuze uveze izincazelo zalo ezingefani.

Isibonelo: amabele

Amatshi abesina evunule kahle evezwe **amabele** awo.

Gaya **amabele** ukuze sizogaya utshwala.

8.1. ithanga

8.2. inyanga

[4]

9. Bhala igama **elilodwa** esikhundleni sebinzana lamagama abhalwe Ngokugqamile.

9.1. **Umama kamama** wami sewashona.

9.2. Ungikhonze kabi **unkosikazi kamalume** ungenzela yonke into.

9.3. **Udedewabo kababa** uhlala eNgilandi.

9.4. **Ingane yenkomo** yami inombala omhlophe.

9.5. Badliwe ubhozo bonke **abantwana benkukhu**.

9.6. Selokhu wazalwa **akaboni emehlweni**.

[6]

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

